

BIKA NGOBUGEBENGU BENTELE NOMA BENTELE YEMPAHLA ENGENAYO NEPHUMAYO

Sifuna ukwenza ukubika ngobugebengu bentela noma bentela yempahla engenayo nephumayo kube lula kuwe. Uma ufuna ukwazi ukuthi yikuphi esikuthatha njengesenzo esisolisayo [cofa lapha](#). Sikusungulele nefomu oligcwalisa ku-inthanethi. Yini okumele uyiqoqe ube nayo ngaphambi kokuthi uqale?

- Kuyasiza ukuphatha inombolo kaMazisi wakho, inombolo yeReferensi yeNtela yomuntu ombikayo. Kodwa akusona isidingo. Ngisho nenombolo okubhaliswe ngayo imoto ingaba usizo
- Sizokubuza ukuthi ngabe ubugebengu bumayelana nentela yebhizinisi, intela yomuntu noma intela yempahla engenayo nephumayo
- Uyazikhethela ukuthi ufuna ukungaziwa noma ukwaziwa
- Kodwa kulula ukugcwalisa ifomu:

Uma ufuna ukubika isenzo esisolisayo, [cofa lapha](#).

Sicela uqaphele: Uma uhlangabezana nezinkinga ngokuvula ifomu okungaba ukuthi ifomu alinalutho emva kokucofa ukuthi 'Qhubeka' ekhasini lokuqala, kungasho ukuthi isiphequluli sakho asilweseki uhlelo lwe-Adobe Flash (PDF) lokuvula ifomu. Iziphequluli ezaziwayo ezingaweseki amafomu avulwa ngohlelo lwe-Adobe yi-Chrome, Safari (Apple) kanye ne-Edge. Ukuze ubone ukuthi ungawabona kanjani amafomu e-PDF kulezi ziphequluli, [bhaka imihlahlandlela yethu yokuhambisana](#). Ifomu lisebenza ngempumelelo kusiphequluli i-Internet Explorer (veshini 8+), Mozilla Firefox kanye ne-Safari for Windows. Sicela uphinde uqaphele ukuthi uma ufuna ukufaka amadokhumenti okweseka noma afakazela umbiko wakho wesenzo esisolisayo, udinga ukuba [neveshini yakamuva ye-Java](#).

Kumele wazi ukuthi angeke siphinde sikuthinte ngenqubekela phambili yodaba ngoba asikwazi ukuxoxa ngezindaba zomunye umuntu zentela komunye umuntu. Kodwa sicela uqiniseke ukuthi igalelo lakho libalulekile futhi sizolubheka lolo daba. Abakwa-SARS abavunyelwe ukukunika imbuyisambiko, ngisho ngabe ukusho ukuthi isikhungo lesi siyaphenywa noma cha. Kuzomele ubekezele uvumele inqubo evulelekile abakwa-SARS abayethulile yokwengamela izikhalazo abazitholile idlale indima yayo.

Ulwazi osinika lona lusemqoka kithi. Ukubika ngobugebengu bentela kuyinto enhle.